



**IMPILO  
ENGUNAPHAKADE  
IYISIPHO**

**SAMAHALA**

INkosi uJesu Kristu wakhokhela inkokhelo yonke yensindiso yomphefumulo wakho. “Owazinikela ngenxa yezono zethu...” (KwabaseGalathiya 1:4) UJesu indodana kaNkulunkulu wangithanda wazinikela ngenxa yami. (Gal. 2:20) Manje ngoba “ngegazi lakhe, ezuzile ukukhululwa okuphadake.” (KumaHeberu 9:12b) “Balungisisiwe ngesihle ngomusa wakhe ngokuhlengwa okukuKristu Jesu.” (KwabaseRoma 3:24) Ngakho-ke “Kufeziwe.” (Ngokukajohane 19:30)

### **Ukwenza imisebenzi emihle akukuniki insindiso**

Ukusindiswa “akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo.” (KwabaseEfesu 2:9) “Owasisindisa, wasibiza ngobizo olungcwele, kungengokwemisebenzi yethu kepha ngokwelakhe icebo nomusa, esawuphiwa kuKristu Jesu zingakabikho izikhathi.” (2 KuThimothewu 1:9)

EBhayibhelini, izwi likaNkulunkulu, lithi, “njengokuba kuletshiwe ukuthi, ‘Akakho olungileyo, akakho noyedwa.’” (KwabaseRoma 3:10) “Ngokuba bonke bonile, basilalelwé inkazimulo kaNkulunkulu.” (Roma 3:23) Isono siyinkinga. Noma ungeza esontweni angeke usisuse isono. UJesu Kristu yena wathi, “Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu.” (Ngokukajohane 3:3) Njengokuba iBhayibheli lithi, “Ngakho-ke sithi umuntu ulungisiswa ngokukholwa ngaphandle kwemisebenzi yomthetho.” (KwabaseRoma 3:28) “Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu.” (KwabaseEfesu 2:8)

### **Angeke uthathe amathuba akho**

iBhayibheli lithi, “Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwé.” (KumaHeberu 9:27) Awunaso isiqiniseko ngokwanele ukuthi singakanani isikhathi esisele ngempilo yakho. (EkaJakobe 4:14)

## **Ngeke uzisindise ngokwakho**

KwabaseGalathiya 2:16 lithi, "...sazi ukuthi umuntu akalungisiswa ngemisebenzi yomthetho..." Futhi, "Sonke saba-njengongcolileyo, nokulunga kwethu konke kwakunjengengubo enindiweyo..." (ulsaya 64:6)

## **Insindiso imahala kubo bonke**

IBhayibheli lithi, "Ngokuba bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa." (KwabaseRoma 10:13) Futhi, "...uKristu Jesu weza ezweni ukusindisa izoni, engingesikhulu kuzo." (1 kuThimothewu 1:15) "Ngokuba naye uKristu wahlupheka kwaba-kanye ngezono, olungileyo ngenxa yabangalungile, ukuba asiyise kuNkulunkulu." (1 kaPetru 3:18)

## **Uma ungasindiswa...**

IBhayibheli lithi, "Nomusi wokuhlushwa kwabo uyenyuka kuze kube-phakade naphakade; abasenakuphumula imini nobusuku..." (iSambulo 14:11) "Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa..." (KwabaseRoma 6:23) Loku kufa kungaphezulu kokufa kwenyama. Kungukubhubha kwaphakade. IBhayibheli lithi, "Kepha amagwala, nabangakholwayo, nabanengekayo, nababulali, nezifebe, nabathakathi, nabakhonza izithombe, nabo bonke abaqamba amanga, isabelo sabo siyakuba sechibini elivutha umlilo nesibabule, okungukufa kwesibili." (iSambulo 21:8)

## **Ungasindiswa kanjani?**

IBhayibheli likubiza ukuthi uphendukele kuNkulunkulu. (iZenzo 20:21) Ukuphenduka ukuguquka kwenhliziyi ekwenza wena uphendukele kuNkulunkulu, futhi uphenduke empilweni yakho yamanje. Mukela iqiniso leBhayibheli ukuthi unecala njengesoni phambi kwakhe, futhi awukwazi ukuzikhulula esijezisweni sesihogo, ikuphi okumele ukuthole ngenxa yesono sakho?

IBhayibheli futhi lithi udinga ukukholwa yiNkosi yethu uJesu Kristu. (iZenzo 20:21) Ukukholwa kubeka lonke ithemba lakho

kuJesu Kristu njengendlela yakho ukuhlanza icala lakho nokukhulula umphefumelo wakho ekujezisweni kwesihogo.

IBhayibheli lithi, “...*Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena...*” (iZenzo 16:31) Uma uzomukela uJesu Kristu enhliziyweni yakho ngokuthembela kuye ukusindisa impilo yakho uzoba umtwana kaNkulunkulu, futhi uzohlala ezulwini ingunaphakade. “*Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe-ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe.*” (Ngokukajohane 1:12)

UNkulunkulu uyathembisa uzokusindisa uma uthembela kuJesu Kritsu njengoMsindisi wakho. “*Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukhola enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa.*” (KwabaseRoma 10:9) Ngiyacela wamukele isipho samahala sempilo engunaphakade uNkulunkulu akunikeza sona. Uma uzomukela uJesu Kristu njengeNkosi noMsindisi wakho, thandaza ngenhlizoyo yakho yonke uthi: Baba wethu, Ngiyaxolisa ngezono zami. Manje ngithemba iNkosi uJesu Kristu ukungisindisa. Sengimthatha njengeNkosi noMsindisi wami. Ngicela impilo engunaphakade leyo ayikhokhela ngegazi lakhe. Ngikhuleka egameni likaJesu Kristu. Amen.

Uma ususithathile isinqumo sokuthemba uJesu Kristu emva kokufunda lencwajana, noma uma ufuna izifundo zeBhayibheli sicela usibhalele kuleli kheli:



**FELLOWSHIP TRACT LEAGUE**

P.O. BOX 164 • LEBANON, OH 45036

[www.fellowshiptractleague.org](http://www.fellowshiptractleague.org) © Tract 8717 (Zulu)

All tracts free as the Lord provides. Not to be sold.